Isifundo 11

** 5–11 Nhlangula*

Isivumelwano Esisha Sendawo Engcwele



ISABATHA NTAMBAMA

Fubda Kuleliviki:

Exod. 25:8; Isa. 53:4–12; Heb. 10:4; Heb. 9:14; Heb. 8:1–6; 1 Tim. 2:5, 6.

Indimana Yekhanda:

"Ngalokho-ke ungumlamuleli wesivumelwano esisha, kuze kuthi ababiziweyo bazuze ifa eliphakade elathenjiswayo" *(Hebrews 9:15, RSV)*.

UBusuku obungenanyezi, isibhakabhaka simnyama njengo-ink ochithekile, konke kwakwengamele u-Frank esithunzini ngenkathi ehamba endleleni engenalutho. Ngemuva kwesikhashana wezwa izinyathelo ngemuva kwakhe; othile wayemlandela Ebumnyameni. Lomuntu wayesemfica wathi, "Frank, umshicileli na?" "Yebo, nginguye. Waze kanjani na?" "Empeleni," kuphendula isihambi, "Angikwazi wena. Kodwa ngazi umfowenu kakhulu, nasebumnyameni imikhuba yakho, ukuhamba kwakho, isiqu sakho konke kungikhumbuza yena kakhulu ngimane ngasola ukuthi ungumfowabo, ngoba wayengitshelile ukuthi wayenaye." Lendaba yembula iqiniso elinamandla mayelana nendawo engcwele kaIsrayeli. Ibhayibheli lithi yayiyisithunzi, umfanekiso, wokuyikho. Nakuba kunjalo, kwakunokwanele ezithunzini nasemifanekisweni kokuveza ngokusobala futhi kwembule amaqiniso okwakumele ziwamele: ukufa, kanye nobupristi obukhulu bukaKristu endaweni engcwele yasezulwini.

Ukubuka Iviki: Kungani uNkulunkulu afuna ukuba abakwaIsrayeli bakhe indawo engcwele na? Indawo engcwele isifundisani ngoKristu njengoThatha indawo yethu na? Yini eyenziwa nguJesu ezulwini njengoMmeli wethu na?

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, June 12.*

Ubudlelwane

“Ngiyakubeka itabernakele lami phakathi kwenu, umphefumulo wami awuyikunengwa yinina. Ngiyakuhamba phakathi kwenu, ngibe nguNkulunkulu wenu, nibe ngabantu bami” (Lev. 26:11, 12). Iphuzu elilodwa okumele kube selicacile manje: noma ngabe kusesivumelwaneni esidala, noma kwesisha, uNkulunkulu ufuna Ubudlelwane obusondelene, nobunothando nabantu Bakhe. Empeleni, izivumelwano zisiza ekwakheni “imithetho” yalobo budlelwane. Ubudlelwane bubucayi esivumelwaneni, noma kungasiphi isikhathi neNgqikithi. Kepha ukuze Ubudlelwane bubekhona, kumele kube nokuxhumana, ukuxoxisana, kanye nokuthintana, ikakhulu kwisintu esonile, esinamaphutha, nesingabazayo. UJehovah, nembala, ekwazi konke lokhu, wathatha isinyathelo sokuqala ukuqinisekisa ukuthi uzoziveza kithina ngezindlela thina—esiphakathi kwemikhawulo yesintu esiwileyo—sizokwazi ukuzwana Naye ngendlela ephusile.

Funda uEksodusi 25:8, umyalelo KaJehovah kuIsrayeli wokwakha indawo engcwele. Yiziphi izizathu uJehovah azinikezayo zokuba afune benze lokhu na?

Impendulo yalombuzo, nembala, iletha Omunye umbuzo, wokuthi kungani? Kungani uJehovah afune ukuhlala phakathi kwabantu Bakhe na? Iqiniso, mhlawumbe, lingatholakala ezindimaneni ezimbili zanamuhla, ezingenhla. Qaphela, uJehovah uzo “hlala” phakathi kwabo; bese ethi ngeke “abanyanye” bona. Ube esethi Yena “uzohamba” phakathi kwabo futhi abe nguNkulunkulu wabo, futhi bona babe ngabantu Bakhe (Lev. 26:11, 12). Buka izithako ezitholakala kulezizindimana. Futhi, udaba lobudlelwane lubonakala kakhulu.

Thatha imizuzu embalwa; hlaziya uLevitikus 26:11, 12 noEksodusi 25:8. Bhala phansi indlela izithako ezahlukene ezingena ngazo emqondweni wokuthi uJehovah ufuna Ubudlelwane nabantu Bakhe.

Gxila kakhulu emushweni lapho uJehovah athi khona “umphefumulo wami awuyikunengwa yinina.” Yini emayelana nendawo engcwele ngokwayo esinikeza indlela thina sintu esiwile, nesinesono esingamukeleka ngayo kuJehovah, futhi kungani kusemqoka kakhulu ohlelweni lokwakha isivumelwano na?

Isono, Umhlatshelo, Nokwamukeleka
(Heb. 9:22)

Indlela eyayiqokwe yizulu yokuba isoni seTestamente Elidala sikwazi ukususa isono necala kwakungeyomhlatshelo wesilwane. Iminikelo yemihlatshelo yakwaIsrayeli ibekwe ngokusobala kuLevitikus 1 kuye ku 7. Ukunaka okukhethekile kusekundleleni yokulahla igazi ezinhlobeni ezahlukene zemihlatshelo. Nembala, indima yegazi ezinkambisweni zemihlatshelo ngenye yezinto ezidala Ubunye emihlatshelweni yakwaIsrayeli. Umuntu owonile—futhi ngalokho ephule Ubudlelwane besivumelwano kanye nomthetho owawengamele lokho—wayengabuyiselwa ebudlelwaneni obuphelele noNkulunkulu nesintu ngokuletha umhlatshelo wesilwane njengesithatha-ndawo. Imihlatshelo, nezinkambiso zayo, zaziyindlela eqokwe nguNkulunkulu ukuletha ukuhlanzwa esonweni nasecaleni. Zamiselwa ukuhlanza isoni, zidlulisele isono necala endaweni engcwele ngokufafazwa kwegazi kanye nokubuyisela ukuxhumana kanye nobudlelwane besivumelwano obuphelele obguqukayo kanye noNkulunkulu onguJehovah osindisayo.

Lemiqondo, eyethulwe ngenhla, isisiza kanjani ekuqondeni Imibuzo ekugcineni kwesifundo sayizolo na?

Yikuphi ukubaluleka ngokwesiprofetho okwakukhona emhlatshelweni yezilwane na? (Isa. 53:4–12, Heb. 10:4).

Imihlatshelo yezilwane yeTestamente Elidala yayiyindlela eqokwe yizulu yokususa isono necala kwisoni. Yayiguqula isimo sesoni ekubeni ngonecala futhi efanele ukufa abe ngothethelelwe futhi ebuyiselwe ebudlelwaneni besivumelwano noNkulunkulu. Kodwa kwakunomuzwa wokuthi imihlatshelo yezilwane yayiprofetha ngokwesimo. Asikho, nembala, isilwane esasanele ukumela ukubuyisana nesono necala lesintu. Umbhali wamaHeberu ukubeka ngolimi lwakhe: “akunakwenzeka ukuba igazi lezinkunzi nelezimbuzi lisuse izono” (Heb. 10:4, RSV). Ngalokho, umhlatshelo wesilwane wawumele ukubuka phambili ekuzeni kweNceku kaNkulunkulu enguNkulunkulu-muntu, eyayizofa ukufa kokuthatha indawo ngezono zezwe. Kungaloluhlelo lapho isoni sithethelelwa futhi samukelwa nguJehovah, nesisekelo sobudlelwane besivumelwano.

Zibeke esikhundleni somuntu owayephila ngezikhathi zeTestamente Elidala, lapho benza imihlatshelo yezilwane endaweni engcwele. Ukhumbule, futhi, indlela imfuyo eyayibaluleke ngayo kwezomnotho, impucuko, kanye nasempilweni yonke, Yisiphi isifundo lemihlatshelo okwakumele ibafundise sona ngenani lesono na?

Isibambelo

"Owazinikela ngenxa yezono zethu, ukuze asophule kuleli zwe elibi lamanje ngokwentando kaNkulunkulu uBaba wethu" (Gal. 1:4).

Akubuzwa: enye yezindikimba eziphambili zeTestamente Elisha yileyo yokuthi uJesu Kristu wafa njengoMhlatshelo wezono zezwe. Leliqiniso liyisisekelo salo lonke icebo losindiso. Noma iyiphi imfundiso ephika igazi elibuyisanayo likaKristu iphika inhliziyo nomphefumulo wobuKristu. Isiphambano esingelo igazi ngeke sasindisa muntu.

Zindla ngendimana yanamuhla bese uphendula lemibuzo: Ngabe uJesu wazinikela ukuba afe na? Wafela bani na? Ukufa Kwakhe kwakuzofeza ini na?

Ukubambela yisihluthulelo salo lonke icebo losindiso. Ngenxa yezono zethu, sifanelwe ngukufa. UKristu, ngokuthanda thina, "wazinikela yena ngezono zethu" (Gal. 1:4). Wafa ukufa esikufanele. Ukufa kukaKristu njengeSibambelo sezoni yiqiniso elikhulu kulo okuqhamuka onke amanye amaqiniso. Ithemba lethu, lelo lokubuyiselwa, lenkululeko, lentethelelo, lokuphila okuphakade eparadesi, Kuncike phezu komsebenzi uKristu awenza, lowo wokuzinikela ngezono zethu. Ngaphandle kwalokho, ukholo lwethu beluyoba yize. Besingamane sibeke ithemba lethu emfanekisweni wenhlanzi. Usindiso luza kuphela ngegazi, igazi likaKristu.

Buka izindimana ezilandelayo: Mat. 26:28, Efes. 2:13, Heb. 9:14, 1 Pet. 1:19. Zisitshelani mayelana negazi na? Iyiphi indima edlalwa yigazi ecebeni losindiso na?

"Akuyona intando kaNkulunkulu ukuba singathembi futhi sihlukumeze imiphefumulo yethu ngokwesaba ukuthi uNkulunkulu ngeke akwamukele ngoba uyisoni futhi awufanelekile. . . . Ungathi: 'Ngiyazi ngiyisoni, futhi yileso sizathu ngidinga uMsindisi. . . . Anginakho ukufaneleka noma ukulunga ngakho engingabanga usindiso, kodwa ngethula phambi kukaNkulunkulu igazi elibuyisanayo leMvana kaNkulunkulu engenasici, esusa isono sezwe. Lesi yisikhalo sami.' "—Ellen G. White, *The Faith I Live* By, p. 100.

Gxila kwisiqephu sika-Ellen White esingenhla. Sibhale kabusha ngamazwi akho. Senze sibe ngawe. Faka ukwesaba, nobuhlungu bakho kuso bese ubhala izithembiso eziqukethwe yiso. Themba lini onalo ngenxa yegazi lesivumelwano esisha na?

Umpristi Omkhulu Wesivumelwano Esisha

Indawo engcwele yasemhlabeni, lapho uNkulunkulu akhetha ukuhlala nabantu Bakhe, yayimi ngemihlatshelo yezilwane. Kepha, inkonzo ayigcinanga ngokufa kwalezizilwane. Umpristu wayedlulisela igazi endaweni engcwele endaweni yesoni ngemuva kokuba umhlatshelo ubulewe. Yonke lenkonzo, nokho, yayiyisithunzi, Uphawu, lwalokho uKristu ayezokwenzela izwe. Ngalokho, njengezimpawu (inkozo yendawo engcwele) ezazingagcini ngokufa kwesilwane, umsebenzi kaKristu ngathi awugcinanga ngokufa Kwakhe esiphambanweni.

Funda AmaHeberu 8:1-6. Khuleka ngalezizindimana. Cela uJehovah akusize uqonde lokho okushiwo lapha kanye nasizathu sokubaluleka kokuba sikwazi. Uma sewuqedile, Bhala phansi ngamazwi akho lokho ocabanga ukuthi ngumbiko KaJehovah kithina kulezizindimana. Zibuze, futhi, ukuthi lezizindimana zisisiza kanjani ukuqonda isivumelwano esisha na?

_____

_____

_____

_____

Njengalokhu kwakunendawo engcwele yasemhlabeni, ubupristi, kanye nezinkonzo ngaphansi kwesivumelwano esidala, kanjalo kunendawo engcwele yasezulwini, ubupristi basezulwini, kanye nenkonzo yasezulwini ngaphansi kwesivumelwano esisha. Lokho okwakuyizinkomba, imifanekiso, nezithunzi (Heb. 8:5) esivumelwaneni esidala kwaba yiqiniso kwesisha. Futhi, kunokuba kube yisilwane esiyibambela lethu, sinoJesu ongenasono; kunokuba kube yigazi lesilwane, sinegazi likaKristu; kunokuba kube yindawo engcwele eyakhiwe ngumuntu, sine "tabernakele lempela elamiswa yiNkosi kungemuntu" (Heb. 8:2); futhi kunokuba kube ngumpristi oyisoni, nongumuntu onamaphutha, sinoJesu njengoMpristi Omkhulu wethu okhonza esikhundleni sethu. Sinalokhu konke emqondweni, zindla ngamazwi kaPawule: "thina siyakuphunyuka kanjani, uma sidebesela ukusindiswa okungaka na. . . ?" (Heb. 2:3).

Cabanga ngako: UJesu waphila impilo engenasono endaweni yakho, wafa endaweni yakho, futhi manje usezulwini, ekhonza endaweni engcwele endaweni yakho. Konke lokho Kwenziwa ukuze usinde emiphumeleni yokugcina neyesebekayo yezono. Hlela ngosuku olulandelayo ukuba ukhulume nothile ngalezizindaba ezimangalisayo, othile ocabanga ukuthi uyadinga ukukuzwa lokhu. Hlela ngaphambi kwesikhathi, ngokwesifundo sanamuhla, ozokusho.

Inkonzo YaseZulwini (Heb. 9:24)

Funda AmaHeberu 9:24, ikakhulu ngokwengqikithi yawo, leyo yokuchaza umsebenzi kaKristu ezulwini ngathi ngemuva kokufa Kwakhe kokuzinikela esikhundleni sethu. Nakuba kukuningi okungashiwo, sifuna ukugxila ephuzwini elilodwa, umusho osekugcineni, othi uKristu manje umi phambi kukaNkulunkulu ngathi. Cabanga ngokuthi lokho Kuchaza ukuthini. Thina, sintu esiwile, nesinesono; thina, ebesingabhujiswa yinkazimulo kaNkulunkulu uma besingabhekana nayo manje; thina, noma sibabi kangakanani futhi siwephule ngamabomu umthetho ongcwele kaNkulunkulu, sinoThile ovela ebukhoneni bukaNkulunkulu ngathi. SinoMmeli omi phambi kukaBaba emele thina. Cabanga ngokuthanda, ngokuthethelela, kanye nokwamukela uKristu ayeyiko ngenkathi elapha emhlabeni. Yena loMuntu ofanayo manje unguMmeli wethu ezulwini na?

Lena ngenye ingxenye yezindaba ezilungileyo. UJesu akakhokhanga nje kuphela inhlawulo yezono zethu, ekubeni ezithathele Kuye Esiphambanweni (1 Pet. 2:24), kodwa manje umi ebukhoneni bukaNkulunkulu, uMxhumanisi phakathi kwezulu nomhlaba, phakathi kwesintu nobuNkulunkulu. Lokhu kwenza umqondo ophusile. UJesu, njengoNkulunkulu kanye noMuntu (Umuntu ophelele ongenasono) nguYena kuphela ongaba yibhuloho lomsansa ophakathi kwesintu noNkulunkulu, owabangwa yisono. Iphuzu elibucayi ukuba silikhumbule kukho konke lokhu (nakuba emaningi) ngukuthi kunoMuntu manje, Umuntu, ongazwelana nokuhlupheka kwethu, ubuhlungu, nokulingwa (Heb. 4:14, 15), omele thina phambi kukaBaba.

“Ngokuba munye uNkulunkulu, munye nomlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nabantu, umuntu uKristu Jesu, owazinikela abe yinhlawulo yabo bonke, kube ngubufakazi besikhathi esiyiso” (1 Tim. 2:5, 6). Yiziphi izindima ezimbili lezizindimana ezibeka kuJesu kuzo, futhi Lezizindima zazibonakaliswe kanjani endaweni engcwele yasemhlabeni na?

Izindaba ezinkulu zesivumelwano esisha ngezokuthi manje, ngenxa kaJesu, izoni eziphendukayo zinoThile omele zona ezulwini phambi kukaBaba, Othile owazuzela zona lokho ezazingeke zakwazi ukuzizuzela kona, futhi lokho ngukulunga okuphelele, ukulunga okuyikhona kuphela okungama ebukhoneni bukaNkulunkulu. UJesu, enaloko kulunga okuphelele, wakuveza empilweni Yakhe ngokuhlupheka (Heb. 2:10), umi phambi kukaNkulunkulu, esibangela thina Intethelelo esonweni kanye namandla phezu kwesono, ngoba ngaphandle kwalokho asinalo ithemba, hhayi manje futhi ngokuqinisekileyo hhayi nasekwahlulelweni.

Khuleka uzindle phezu komqondo wokuthi umuntu, Othile onamava okulingelwa ukona, umi phambi kukaNkulunkulu ezulwini. Kusho ukuthini kuwe na? Themba lini kanye nesikhuthazo okusilethayo na?

Umcabango Obanzi:

"Okuyiyona ngelosi ephakeme kunazo zonke ezulwini yayingenawo amandla okukhokha inhlawulo yomphefumulo owodwa olahlekile. Amakherubi namaserafimu anenkazimulo kuphela ayinikezwa nguMdali njengezidalwa Zakhe, futhi ukubuyisana komuntu noNkulunkulu kwakungenzeka kuphela ngomxhumanisi owayelingana noNkulunkulu, enezimpawu ezingaletha isithunzi, futhi zimmemezele njengofanele ukubuyisana noNkulunkulu waphakade emele umuntu, futhi amele uNkulunkulu ezweni eliwileyo. Ibambela lomuntu kanye nesiqiniseko kumele libe nesimo somuntu, ukuxhumana nesintu okumele asimele, futhi, njengesithunywa sikaNkulunkulu, kumele abeneqhaza esimweni sobunkulunkulu, abe nokuxhumana noNkulunkulu, ukuze akwazi ukubonakalisa uNkulunkulu ezweni futhi abe ngumlamuli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu."—Ellen G. White, *Selected Messages*, book 1, p. 257. "UJesu uyaqhubeka: Njengalokhu ungivuma phambi kwabantu, nami ngokuvuma phambi kukaNkulunkulu nezingelosi eziNgcwele. Kumele ube ngufakazi Wami emhlabeni, imigudu ngayo umusa Wami ungagelezela ukuphulukiswa kwezwe. Ngalokho ngiyoba ngummeli wenu ezulwini. UBaba akaboni amaphutha enu esimilo, kodwa unibona nembethe ukuphelela Kwami. Ngingumgudu ngawo okuyoza izibusiso zazeZulwini. Futhi bonke abangivuma ngokwabelana ngomhlatshelo Wami ngabalahlekileyo bazovunywa njengabanesabelo enkazimulweni nenjabulo yabasindisiweyo."—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 357.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Funda abaseRoma 5:2, abaseEfesu 2:18, nabaseEfesu 3:12. Zithini lezizindimana okusisiza siqonde ukufinyelela kwethu kuBaba ngoJesu na?

2. Buka isiqephu sesibili sika-Ellen G. White ngenhla. Qaphela indlela achaza ngayo indima yomxhumanisi. Lapho uBaba ebuka thina, akaboni Isimilo sethu esibi kodwa ukuphelela kukaKristu. Gxila kulokhu okuchazwa yiko futhi uxoxisane neklasi.

3. Sibuka lokho esithe sakufunda kuleliviki, zibuze ukuthi ubungawuphendula kanjani lombuzo, "Kulungile-ke, uKristu usendaweni engcwele yasezulwini. Pho kunani na? Kusho ukuthini lokhu nsuku zonke, ngendlela ephathekayo na?"

Isiqoqo: Uhlelo lwemihlatshelo lwesivumelwano esidala sathathelwa indawo ngesisha; kunokuba kube yizilwane ezinikelwayo ngabapristi endaweni engcwele yasemhlabeni, manje sinoJesu, uMhlatshelo wethu ophelele. Usimele phambi kukaBaba endaweni engcwele yasezulwini, eyenza isisekelo sesivumelwano esisha kanye nesithembiso saso.